**Ndasa 2017**

Mngani othandekayo

Kulenyanga sigubha usuku lwabesifazane emhlabeni jikelele. Isiqubulo sithi “iba nesibindi sokushintsha”.

Ngicabanga ngabesifazane ebhayibhelini abanesibindi ukushintsha. Abesifazane ababephilela uNkulunkulu bemkhonza ngezipho nangemisebenzi. Emqondweni wami kufika uDebhora uMprofethikazi- umahluleli (Abahluleli 4:1–24).

UDebhora ungowesifazane owahlulela yena yedwa obaluliwe ebhayibhelini. Watshela uBaraki ukuthi uNkulunkulu ka Israyeli umnikile ukuhola impi iyohlasela. UBaraki wangabaza ukulalela uNkulunkulu, kodwa uDebhora ngesibindi wamkhumbuza izethembiso zikaNkulunkulu.

Kubizani kithina ukuba sibe abesifazane abanesibindi ukushintsha? Sikulungele ukukhulumela abesifazane abangenakuzikhulumela? Ukulwela ushintsho kwabesifazane abaphathwa kabi nabalahliwe kwezinye izindawo emhlabeni namhlanje? Sikhuleke sifune ukuhlakanipha namandla kuNkulunkulu wethu simele labo abathulisiwe nabahlukumezekile?

Owesifazane ungumfanekiso kaNkulunkulu. Asikhuleke ndawonye sibe nesibindi ukuletha ushintsho. Siyakholwe kuNkulunkulu wezimangaliso. Asibe abesifazane abakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakubona konke okwenzekayo kodadewethu abaphathwa kabi. Asinikele ngesikhathi, ithalente, impahla yethu ukushintsha imiphakathi, amakhaya, amadolobha namazwe kube kuJesu.

Namhlanje, hlanganyelani nabesifazane emhlabeni wonke abakhulekela ushintsho. Ikuphi la udinga ukuba nesibindi khona? Ngabe uNkulunkulu ukubizele ukukhuluma nobani ukuze lowo akhumbule izithembiso zeNkosi ngempilo yakhe?

Uyindodakazi yakhe, ubizelwe ukukhuleka nokushintsha izinhliziyo zabesifazane emhlabeni wonke. Inhliziyo yami inobuhlungu njengeyakho njengoba sinesibindi sokuhlanganisa izinhliziyo noNkulunkulu ngendodana yakhe, uJesu.

Peggy Banks
Umqondisi Jikelele
Kumsebenzi kaHana